**NguMongameli**
**uHenry B. Eyring**
Ikhansela Lokuqala
kubuMongameli Bokuqala



# Incwadi kaMomoni njengeBhuku Lami Elikhombisa Indlela

Thina sonke, ezikhathini zethu ezingcono, zokulangazelela ukubuyela ekhaya sihlale noNkulunkulu. Wasipha isipho sendodana Yakhe ethandiweyo njengo Msindisi wethu ukuphemba indlela nokufundisa thina ukuthi silandele kanjani. Wasipha abaprofethi ukukhombisa indlela. uMprofethi uJoseph Smith wakhuthazwa ukuba ahumushe amarekhodi wabaprofethi Incwadi kaMomoni. Iyigayidi yethu eqinisekile esendleleni yasekhaya eya kuNkulunkulu.

uJoseph Smith wathi ngalencwadi enhle kakhulu, "Ngabatshela abafowethu ukuthi incwadi kaMomoni kwakuyincwadi ebhaleke kahle emhlabeni, futhi neyisisekelo senkolo yethu, nokuthi umuntu angasondela kuNkulunkulu ngokulandela okushiwo kuyona, kunezinye izincwadi."[1]

Okushiwo yincwadi kaMomoni kuyimiyalelo kaNkulunkulu esiyitholayo kuyo. Eminye iyimiyalelo eqondile ebuya kuMsindisi ngokusebenzisa abaprofethi ukuthi kumele senzeni nokuthi kumele sibe yini. Incwadi kaMomoni isinika isibonelo soMsindisi ukuthi sikhulise ukholo lwethu nokulangazelela ukulalela imiyalelo Yakhe yokuba silandele Yena. Incwadi igcwele imithetho kaKrestu ukuba isikhombise thina indlela. Nasi isibonelo esiphuma ku 2 Nefayi:

"[uJesu] wathi kubantwana babantu: Ngilandeleni. Ngakho-ke, bafowethu abathandekayo, singamlandela uJesu ngokusinda sizovuma ukugcina imiyalelo kaBaba?

"Futhi wathi UBaba: Phendukani, phendukani, nibhabhadiswe egameni lendodana yami ethandekayo" (2 Nefayi 31:10–11).

Incwadi ibeka ngokusobala ukuthi kumele sithole uMoya oNgcwele njengomlilo nokubhabhadisa ukusisiza sihlale endleleni eqondile futhi encane. Siyafundiswa ukuthi kufanele sithandaze egameni lika Krestu, hhayi engacacile kahle, futhi uma senza njalo sinalesithembiso "Ngalokho, kumele siphokophele ukuya phambili ngokuqinileyo kuKrestu, sibe nethemba eliphelele eliqhakazile, kanye nothando lukaNkulunkulu nolwabantu bonke. Ngalokho-ke, uma niphokophele ukuya phambili, nidla izwi likaKrestu, futhi nibekezela kuze kufike ekugcineni, qaphelani, kusho kanjena uBaba: Nizakuba nokuphila okunaphakade" (2 Nefayi 31:20).

Incwadi kaMomoni ikubeka ngokusobala entshumayelweni enhle kakhulu yeNkosi uBenjamini ukuthi kushoni ukuba nothando lukaNkulunkulu kanye nolwabantu bonke. Uma indalo yethu iguquka ngamandla

okwahlulelwa kanye nokulalela okuthembekileyo kwimiyalelo sizogcwaliswa ngothando lukaNkulunkulu (bona uMozaya 4:1–12).

Incwadi kaMomoni futhi isinika ukuzethemba ukuthi singahlanzeka kakhulu kulempilo ukuthi singabi nokulangazelela okukhulu ukwenza izinto ezimbi (bona uMozaya 5:2). Lelithemba liyasiqinisa futhi liyasiduduza ngoba uSathani uyazama ukusilinga futhi singabi nethemba endleleni yethu.

Njalo uma ngifunda noma imigqa embalwa encwadini kaMomoni, ngizizwa nginobufakazi obululiwe bokuthi incwadi iyiqiniso, nokuthi uJesu unguKrestu, nokuthi singamlandela ukuya eKhaya, nokuthi singathatha labo esibathandayo siye ekhaya nabo. Kimina bekuyincwadi ezincwadini. Liyizwi lika Nkulunkulu.

Ngiyathandaza ukuthi thina nabobonke esibathandayo bazophuza ngokujulileyo, nansuku zonke kuyo. Ngiyafakaza egameni likaJesu Krestu ukuthi iyincwadi esibonisayo eyiqiniso.

**AMANOTHI**

1. *Izimfundiso zaboMongameli beBandla: uJoseph Smith* (2007), 64.

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

"Uma sisebenzisa izincwadi ezingcwele kanye namagama wabaprofethi bezinsuku zokugcina njengomnyombo wonke wokufundisa kwethu, simema uMoya ukuba ube ngufakazi. Lokhu kusilethe ekufundiseni "amandla kaNkulunkulu kubantu abavumayo'(D&C 11:21)" (*Ukufundisa, Akulona Ubizo Olukhulu* [1999], 51). Cabanga ufunde okubalulekile okuvela emlayezweni, kaMongameli uEyring, ufake futhi isitatimende sika Joseph Smith ngencwadi kaMomoni. Mema amalungu omndeni ukuba nabelane ngokuthi ningaphila kanjani ngemfundiso etholakala encwadini kaMomoni nokuthi ingabasiza kanjani ukuba basondele eduzane noNkulunkulu.

"Uma abafundi bexoxa ngemithetho evela encwadini engcwele, bathola amakhono abawadingayo maqondana nokufunda incwadi engcwele ngokwabo." (*Ukufundisa, Akulona Ubizo Olukhulu,* 54). Cabanga ngokufunda incwadi engcwele ekukhonjisweni kuyona kulomlayezo bese ubheka futhi uxoxe ngemithetho efundiswayo.

## INTSHA

### Incwadi KaMomoni Yami

**Ngu Hillary Holbrook**

NgoAgasti 2005, ngenkathi uMongameli uGordon B. Hinckley (1910–2008) ekhipha umsebenzi onzima kumalungu eBandla ukuba bafunde incwadi kaMomoni ngaphambi kokuphela konyaka, ngazithembisa mina ukuthi ngizoyifunda yonke incwadi.. Ngangi nolwazi ngezinganekwane encwadini kaMomoni kepha angizange ngifunde yonke ngokuphelele ngalena. Manje ngizimisele ukugcina isithembiso sami.

Ngafundiswa ukuba ngisebenzise incwadi engcwele empilweni yami futhi ngiyenze ibe ngeyami. Ngakho-ke njengoba , Ngifunda ngabhala eceleni kwamakhasi ngalokho engangikucabanga ngomqondo obalulekile walelokhasi. Ngangidwebela futhi amagama aphinda phindiwe kanye nemishwana ukubonisa ukugqhizelela.

Ngabeka igama lami eduzane namagama encwadini engcwele ukuze ngikhumbule ingisize ukuthi izwi likaNkulunkulu elikhulume kwabanye lingaba yizwi elikhulume nami. Isibonelo kanje, ku 2 Nefayi 2:28 Ngabhala igama lami: "Futhi manje, [Hillary], Ngizofuna ukuthi ubheke kuMehluleli omkhulu, futhi ulalele imiyalelo yakhe emikhulu" Uma ngilokhu ngenza incwadi kaMomoni ibe ngeyami, ngiba nokujabula okukhulu ngokuyifunda nsuku zonke.

Njengoba ngifunda nsuku zonke imithandazo yami yaba nokuzwela futhi yaba yimina. Ngangikwazi futhi ngibheke emakilasini ami futhi ngilandela okushiwo nguMoya ukuthi ngikwazi ukusiza abanye. Ngobusuku bokugcina bonyaka, ngayiqeda incwadi kaMomoni.

Ngase ngiyaqonda ukubaluleka kokufunda incwadi yonke kaMomoni, kanye nezinye izincwadi ezingcwele, futhi ngifuna ukwenza njalo isikhathi esiningi kakhulu empilweni yami.

## ABANTWANA

### Incwadi eyiGayidi ukuSiza Thina Ukuya Ekhaya

Ungazizwa unjani uma ngabe ulahlekile futhi ungayazi indlela yokuya ekhaya kumndeni wakho? Ungajabula uma ungalandela umuntu othile

ongakubonisa indlela? uMongameli uEyring uthi incwadi kaMomoni ifana negayidi esiza thina ukuba sibuyele ekhaya kuBaba waseZulwini.

Ngezansi kunezinto incwadi kaMomoni esitshelayo ukuthi kumele senzeni ukuze sibuyele emuva ekhaya. Funda 2 Nefayi 31:10, 11, 20. Ngaphansi kumushwana bhala ivesi okuyilona eliphuma encwadini kaMomoni. Uzodinga ukusebenzisa elinye lamavesi kabili.

Phenduka futhi ubhabhadiswe.

Yiba nethemba eliqhakazile.

Thanda uNkulunkulu wakho kanye nabantu bonke.

Landela uJesu.

© 2010 yi Intellectual Reserve, Inc. Onke amalungelo agciniwe. Kubhalwe eUSA. Isivumelo sesiNgesi: 6/09 Isivumelo Sokuguqula: 6/09. Ukuhumushwa ko *First Presidency Message, September 2010*. Zulu. 09369 783

# Umsebenzi Wethu Wokunothisa ngolwazi Kwisizukulwane Esisakhulayo

Ukholo • Umndeni • Khululekile

*Funda lomlayezo futhi ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashele. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukukhulisa odade bakho nokwenza Inhlangano Yomame Ekhululekileyo ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho.*

### *Kutholakala encwadini engcwele:*

Izaga 22:6; AbaseEfesu 6:4; Enosi 1:1; uAlma 53:20–21; 56:47; 57:27

Ngaphandle kokunothisa ngolwazi, abazukulwane abasakhulayo bangaba sengozini yokuba bafane nalabo abachazwe ku Mozaya 26. Abasha abaningi abangazange bakholwe ngamasiko obaba babo futhi bangabantu abahlukene maqondana nokholo lwabo, bahlala njalo emuva lwalokho. Abazukulwane bethu abasakhulayo kanjalo bangadukiswa uma bengaqondi indlela yabo yeplani kaBaba waseZulwini.

Ngakho-ke yini ezovimbela isizukulwane esikhulayo ukuba siphephe? Ebandleni, sifundisa ukugcina imithetho, futhi leyomithetho yimithetho yomndeni, imithetho ezosiza isizukulwane esikhulayo ukuba sakhe umndeni, ifundise lowo mndeni, futhi ilungisele lowo mndeni izimiso kanye nezivumelwano—futhi bese isizukulwane esizayo sifundise leso esizayo njalo njalo.

Njengabazali, abaholi, kanye namalungu eBandla, siyazilungiselela lesizukulwane ukuba sithole izibusiso ezivela kuAbrahamu ethempelini. Sinomsebenzi wokubasicace mayelana namaphoyinti abalulekile wesifundo esitholakala ngesimemezelo emndenini. Ukuba ngumama nokuba ngubaba kungumsebenzi waphakade futhi ngumsebenzi. Omunye nomunye wethu uphethe umsebenzi omkhulu wokuba yingxenye yokuba owesilisa noma owesifazane.

Singawufundisa lomthetho nanoma kuphi. Kumele sikhulume ngokuzotha ngomshado nangomndeni. Futhi ngesibonelo sethu, isizukulwane esikhulayo singathola ithemba elikhulu nokuqonda—hhayi kuphela emazwini esiwakhulumayo kepha ngendlela sizwa ngakhona futhi siqale umoya womndeni.

***uJulie B. Beck, uMongameli Jikelele Wabesimame Benhlangano Ekhululekileyo.***

### *Kuvela Emlandweni Wethu*

Ngenkathi ekhuluma nabodade emhlanganweni Wenhlangano Yabesimame Ekhululekileyo ngomhlaka 23 Septemba, 1995, uMongameli uGordon B. Hinckley wathi: "Umhlaba esikuwo ngumhlaba weziphithiphithi, nezimilo eziguqukile. Amazwi amemezayo abiza into eyodwa noma enye ngokungathembeki kwezigaba esikhathini esihloliwe sokuziphatha."[1] uMongameli uHinckley waya ukuyo zazisa kodade, iBandla, futhi ekugcineni nakubantu yonke indawo "Umndeni: Isimemezelo kuMhlaba wonke."

Iminyaka ilandelana lomqulu owaprefethwa wahumushwa ngezilwimi eziningi wasakazwa kubaholi bomhlaba. Ibuza abahlali kanye nabaholi bakaHulumeni "ukuba bakhulise lezozinto ezidwetshiwe ukuba zigcine futhi zikhulise umndeni njengenhlangano eyisisekelo eyodwa."[2]

Isimemezelo sesiyisisekelo senkolo sabaNgcwele eziNsukwini zokugcina mayelana nomndeni, umlayezo lapho singabamba siqinise futhi sazi ukuthi uma siphilela ukutshelwa, siyobe siqinisa imindeni yethu kanye namakhaya.

**AMANOTHI**

1. uGordon B. Hinckley, "Yimani niqine niphambane Nokukhohlakala kweZwe," *Ensign,* Nov. 1995, 99.
2. Bona"Umndeni: Isimemezelo kuMhlaba Wonke," *Liahona,* Oct. 2004, 49.

### *Ngingenzenjani?*

**1.** Ngingabasiza kanjani odade ukuba basebenzise "Umndeni: Isimemezelo kuMhlaba Wonke" ukunothisa ngolwazi isizukulwane esikhulayo? Ungahle ucabange ukwabelana ngekhophi yesimemezelo futhi usize odade bakho ukuba bakwazi ukukhipha futhi uphawule lezo zahlukwana lezo ezizofundisa kangcono imithetho esemqoka.

**2.** Nginganothisa ngolwazi kanjani isizulukwane esikhulayo? Ungahle ucabange ukufinyelela kumalungu kuwodi yakho, igatsha, umndeni, noma umphakathi ozosizakala ngokubanaka futhi ngothando lwakho.

Uma udinga ulwazi olunye, iya ku www.reliefsociety.lds.org.

© 2010 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ubhalwe eUSA. Isingisi esivunyelwe: 6/09 Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/09.
Ukuhumusha *Visiting Teaching Message, September 2010.* Zulu. 09369 783